8. UEliza wathelani amanzi phezu kwelathi ayelakhile?
9. Bamemeza bathini abantu umlilo ususehla phansi?
10. Kungani uEliza wafisa ukuthi abaprofethi bakaBhali babulawe?

usiya eNtabeni iZiyoni eJerusalema. UDavida wayegqoke i-efodi emhlophe, njalo bonke abahlabeleli labadlali bamachacho babegqoke ezimhlophe, labapristi labo babembethe ezimhlophe.

UDavida watshaya ichacho lakhe, wahamba labadlali labahlabeleli; kwasekulandela umtshokotsho labapristi.

Kwakukuhle kangakanani ukubona amadoda la ekwezimhlophe lokubezwa bedumisa uNkulunkulu! Kambe umbono lo wawungekukhumbuze yini izingelosi zikaNkulunkulu ezulwini?

Inani elikhulu lamaIsrayeli leza ukuzabona lumbono omuhle. Bayibona inkosi yabo idumisa uNkulunkulu ngechacho. UDavida wazizwa ethaba kangakanani ngalelolanga!

Umtshokotsho wenyuswa phezu koqaqa olubizwa ngokuthi yiNtaba iZiyoni. Kwakulemiduli igombolozele iphezulu leNtaba iZiyoni, lamasango, amasango ayevuliwe ukuze inkosi ingene, lomtshokotsho owawuyisihlalo seNkosi¹. UDavida wayelungise indawo eyenziwe ngamakhetheni ukuze umtshokotsho ufakwe khona.

Wayengalethanga ithabhanekhele elidala eNtabeni iZiyoni, kodwa wenza ithabhanekhele elitsha, endaweni eseduze lesigodlo sakhe²; abapristi bawubeka lapho umtshokotsho. UDavida waloyisa ukuthi abahlabeleli bahlabelele isihlabelelo asibhalayo esiqalisa ngokuthi, “Bonganini iNkosi.”

UDavida wabuya wanikela imihlatshelo phezu kweNtaba iZiyoni, wasebusisa bonke abantu ababemi beyihangile. Phambi kokuthi abantu baye emakhaya, wapha, indoda ngayinye lomfazi ngamunye, isinkwa inyama lembodlela encinyane yewayini. Kambe lokhu kwakungasimusa omkhulu kaDavida yini?

UDavida wathaba kakhulu ukuthi umtshokotsho kaNkulunkulu wawususeduze lesigodlo sakhe. Wayeloyisa ukuthi abahlabeleli labatshaya amachacho bahlabelele badlale eduze lomtshokotsho nsuku zonke, waloyisa ukuthi bahlabelele lebusuku; abanye babandise ukuhlabelela emini, abanye bandise ukuhlabelela ebusuku³.

izintombi zitshaya izigubhu. Hlab. 68:25.

- 1 Phakamisani inhloko zenu, lina masango, yebo, phakamani, lina minyango yaphakade, ukuze kungene iNkosi yenkazimulo. Hlab. 24.9.
- 2 Wasemenzela izindlu emzini kaDavida, walungisela umtshokotsho kaNkulunkulu indawo, wawumisela ithente. 1 Lan. 15.1.
- 3 Wozani, khangelani, libusise iNkosi lina lonke zinceku zayo, elima endlini yeNkosi ebusuku. Hlab. 134.1.

Bahlabelela bezophisana. Izingilosi ezulwini zihlabelela ebusuku lemini zingaphumuli, kodwa lababahlabeleli babengeke benze njalo. Kwakusithi uDavida esigodlweni sakhe abezwe behlabelela indumiso kuNkulunkulu ngitsho lebusuku, nxa ecambalele embhedeni wakhe, wayesizwa lezozingoma ezimnandi.

UDavida wabhala izihlabelelo yena ngokwakhe. UMoya kaNkulunkulu wamfundisa angakutsho¹, wahlabelela izihlabelelo kwelakhe ichacho uqobo. Wazibhala wazithumela kubahlabeleli ukuthi bazihlabelele beseduze lomtshokotsho.

UDavida wayengahlali kokuphela esigodlweni sakhe eNtabeni iZiyoni. Wayehlala ephuma esiyakulwa lamaFilisti labanye abantu ababi. UNkulunkulu wayemnceda uDavida labantu bakhe ukubanqoba bonke. Ngakho uDavida wayandise ukubuyela eNtabeni iZiyoni ahlabelele izihlabelelo kuNkulunkulu ebonga ukumncedisa ukunqoba².

Ngolunye usuku uDavida wayehlezi esigodlweni sakhe esihle; wasesithi kumngane wakhe uNathani, “Ngihlala endlini enhle, kodwa umtshokotsho kaNkulunkulu uthukuzwe ngaphansi kwamakhetheni.” Ngakho uDavida waloyisa ukwakha indlu enhle yomtshokotsho kaNkulunkulu.

UNathani umngane kaDavida wayeyindoda ehlakaniphe kakhulu njalo ilungile. Njalo wacebisa uDavida ukwakhela iNkosi indlu.

Ebusuku uNkulunkulu wakhuluma kuNathani wathi kuye, “Hamba utshele uDavida ukuthi angangakheli indlu; ngiyathaba kakhulu ngoDavida ukufisa kwakhe ukungakhela yona, kodwa angimkethi ukuthi angakhele yona ngoba eselwe izimpi ezinengi njalo wabulala abantu abanengi; kodwa ngizamupha uDavida indodana, ezangakhela indlu; kodwa uDavida uzaqhubeka esilwa izimpi, njalo ngizambusisa uDavida kokuphela.”

Kwanguyisikho ukuthi uNkulunkulu wayengathokozi ngoDavida ngokuhlala esilwa izimpi, kuphela yikuthi wayengakhethanga ukuthi uzamakhela indlu.

UNathani wasefika kuDavida ekuseni wasemtshela lokho

1 UDavida indodana kajese wathi, lomuntu ophakanyiselwe phezulu, ogcotshiweyo kaNkulunkulu kaJakobe, lomhlabeleli omnandi wakolSrayeli, wathi: UMoya weNkosi wakhuluma ngami, lelizwi lakhe lisolimini lwami. Sam. 23:1-2.

2 UDavida wasekhuluma eNkosini amazwi alelihubo mhla eNkosini imkhulula esandleni sezitha zakhe zonke lesandleni sikaSawuli. 2 Sam. 22.1.

Wasesithi uElija sekuyisikhathi sokucela owakhe uNkulunkulu ukuthi ehlise umlilo. Ngakho uElija wakha ilathi ngamatshe alitshumi lambili, wasefaka inkuni phezu kwelathi, wabeka ijongosi phezu kwelathi; waseloyisa ukuthi abantu bathele imigqomo elitshumi lambili yamanzi phezu kwelathi. Kwakulomfula eduzane nje ngaphansi koqaqa, lapho abantu ababengakha khona amanzi. UElija wemba umgelo wagombolozela ilathi; lowomgelo wasugcwaliswa ngamanzi laze laba manzi kakhulu ilathi.

Kungani uElija wafisa ukuthi amanzi athelwe phezu komhlatshelo? Ukutshengisa abantu ukuthi kafihlanga umlilo elathini kumbe eduzane lalo. Ngoba aluba wayekwenzile, amanzi ayezawucitsha.

UElija waseqala ukukhuleka kuNkulunkulu. Bonke abantu babemi khonapho ekhuleka phambi kwelathi.

Nanku akutshoyo: “Nkosi Nkulunkulu kaAbrahama, kaIsaka, lokaIsrayeli, kakwaziwe ngalolusuku ukuthi unguNkulunkulu, lokuthi ngiyinceku yakho. Ngizwa, O Nkosi, ngizwa.”

UNkulunkulu wamuzwa yini uElija? Yebo, umlilo wehla uvela ezulwini, watshisa ijongosi lelathi, yebo umlilo watshisa amatshe ngitsho lamanzi ayesemgelweni.

Abantu bamangala kangakanani ngalo umbono! Bathi mbo ngobuso babo, basebesithi, “iNkosi inguNkulunkulu, iNkosi inguNkulunkulu.”

Khathesi babona ukuthi uBhali wayengayisuye uNkulunkulu weqiniso. UElija wasefisa ukuthi abantu babambe abaprofethi, abaprofethi abakhohlakeleyo bakaBhali, babehlisele phansi emfuleni, ngaphansi koqaqa, bababulale ngezinkemba; kwathi igazi lalabaprofethi laxubana lamanzi emfuleni. Lababaprofethi basebefundise abantu ukukhonza uBhali, ngakho uNkulunkulu wakhetha ukuthi bafanele ukufa.

Bayekela yini abantu ukukhonza uBhali? Bakhathala yini ngalokho eElija akutshoyo bathandaza kuNkulunkulu wakhe? Masinyane sizakuzwa ukuthi benzani.

Bafisa kangakanani ukuthi uNkulunkulu anise izulu! Kwakufanele bezwe ukuthi njengoba uNkulunkulu wehlisa umlilo, lezulu wayengalinisa.

Izulu ulinisela ukuthi sizuze amabele, bantwana abathandekayo, kakunjalo yini? O nguNkulunkulu omkhulu kangakanani!

bakaBhali abakhohlakeleyo. Abantu abanengi kakhulu babemi inhlangothi zonke; njalo inkosi uAhabu yayikhona lapho, kodwa uJezebeli wayengeko.

UElija wayezakuthini ebantwini?

Wayefuna ukuthi babone ukuthi uNkulunkulu wakhe nguye onguNkulunkulu weqiniso. Ngakho uElija wathi kibo, “Abaprofethi bakaBhali kabathathe ijongosi balibulale, balibeke phezu kwelathi, babesebecela ukuthi uBhali ehlise umlilo uvela ezulwini utshise ijongosi. Lami ngizathatha elinye ijongosi ngilibulale ngilifake phezu kwelathi, besengicela iNkosi ukuthi yehlise umlilo ovela ezulwini; njalo nxa uBhali esehlisa umlilo lizakwazi ukuthi unguNkulunkulu weqiniso. Kodwa nxa uNkulunkulu wami esehlisa umlilo yikho lizakwazi ukuthi unguNkulunkulu weqiniso.”

Abantu bakuthanda lokho uElija akutshoyo baphendula bathi, “Kukhulunywe kuhle.”

UElija wasetshela abaprofethi bakaBhali ukuthi babengabokuqala ukuthatha ijongosi labo. Basebelithatha balibulala balifaka elathini lenkuni. Kodwa kabafakanga mlilo enkunini. Basebeqalisa ukukhuleka kunkulunkulu wabo ukuthi athumele umlilo. Bamemeza, “We Bhali sizwe!” Baqhubeka bebiza, “We Bhali sizwe!” kwaze kwaba lihora letshumi lambili. Basebeseqayeqa bebhoda ilathi, njengokokwenza kwabo nxa bekhuleka esithombeni sabo.

Kufanele ukuthi babedinwe kangakanani emva kokumemeza kwabo kangako, “We Bhali sizwe!”

Ekucineni uElija wathi kibo, “Memezani kakhulu hlezi unkulunkulu wenu uyakhuluma kumbe uyezingela, kumbe usekumbeni, mhlawumbe ulele, kufanele limvuse.”

UElija kambe wayekhuluma iqiniso yini? Hatshi bo, wayesazi ukuthi uBhali kasilutho ngitsho, lokuthi labobantu abayizithutha bathi kulonkulunkulu okuthiwa nguBhali, basebesenza lezifanekiso abathi zifanana laye.

Abaprofethi bakaBhali babelokhu bekhulekela umlilo; kwathi ekucineni, bazisika ngezingqamu, benza igazi labo lajuluka, ngoba banakana ukuthi kungamthokozisa uBhali; babekhumbula ukuthi ungunkulunkulu olesihluku owayethanda igazi labo, ngakho baqhubeka kwaze kwaba lihora lesithathu ntambama. Kodwa kakubanga lomlilo owehla uvela ezulwini.

uNkulunkulu akutshiloyo.

UDavida wathaba kakhulu esizwa ukuthi uNkulunkulu uzambusisa, lokuthi uzamnika indodana ezakwakha indlu kaNkulunkulu. UDavida wasehamba wayabonga uNkulunkulu ngezithembiso zomusa wakhe.

UDavida wathi, “Wena Nkosi, ubulomusa kangakanani kimi! Uzaqhubeka ungibusisa yini? Angiwufanelanga umusa ongaka. Ngingakubonga njani ngokwaneleyo. Ngiyakhuleka, qhubeka ubusisa indlu yami ukuthi ibe khona phambi kwakho laphakade.” Indlu kaDavida kusitsho imuli yakhe.

UNkulunkulu wawuthanda umkhulelo kaDavida. UDavida wayengaziqhenyi. Wamangaliswa yikuthi uNkulunkulu aze abe lomusa kangaka kuye, lokuthi wamkhupha ekubeni ngumelusi ukuze abe yinkosi phezu kukaIsrayeli, njalo wamangaliswa yikuthi uNkulunkulu amthembise ukumbusisa kokuphela, njalo abusise lendodana yakhe, ngoba uDavida wayekwazi ukuthi kafanelanga lutho, njengoba wayeyisoni esiyangekileyo. INKOSI uJesu ubizwa kuthiwa yiNdodana kaDavida; ngoba unina uMariya ungowosendo lukaDavida. Kungenxa yeNkosi uJesu ukuthi indlu kaDavida ibusiswe laphakade. Njalo ngaye wena lami singabusiswa futhi.

UNkulunkulu ubengelamusa kuwe yini mntanami othandekayo? Njalo kalithembisanga yini ukulithatha lihlale laye nxa limcela? Sowake wamangala yini kuwe ngokwakho ukuthi kungani uNkulunkulu elomusa kangaka kuwe? Kwakungesikuthi ulungile ngoba ugcwele isono. Kwenziwa yikuthi uNkulunkulu ulungile kangangokuthi uthanda ukubusisa abantu.

Imibuzo

1. UDavida wayehlala kuwuphi umuzi eseyinkosi?
2. Ibizo loqaga olwaluseJerusalema okwakhelwa khona indlu kaDavida lwaluthiwa yini?
3. Kungani uDavida wafisa ukuthi umtshokotsho ube seduze lesigodlo sakhe?
4. Wawugcinwe ngaphi umtshokotsho amaFilisti esewubuyisile?
5. Ngobani abahamba phambi komtshokotsho nxa ususiwa eNtabeni iZiyoni?
6. Wawubeka ngaphi uDavida umtshokotsho?
7. Kungani uNkulunkulu engavumelanga uDavida ukwakha indlu yomtshokotsho?
8. Ngubani owayesezakwakha indlu kaNkulunkulu?
9. UDavida wayefanele ukuthi uNkulunkulu ambusise kokuphela yini?
10. Kungani uNkulunkulu elibusisa?

eyayilungile kakhulu ekaAhabi.

Le inceku yayidingela amabhiza enkosi uAhabi utshani. Le inceku yamazi imbona uEliza, njalo yamangala kakhulu ngoba kwasekuyisikhathi eside kungekho loyedwa eKanani owayeseke wambona uEliza. Le inceku elungileyo yathi mbo ngobuso phansi phambi kukaEliza, yasisithi, “Nguwe yini nkosi yami Eliza?”

UEliza wasesithi, “Nginguye; hamba uyetshela inkosi yakho ukuthi ngilapha.”

Inceku yasisesaba ukuthi izakuthi isahambile ukuyatshela uAhabi lapho uEliza ayekhona, kuthi uNkulunkulu abesemthatha uEliza amuse kwenye indawo, uAhabi abesezonda ayibulale. UAhabi wayengumqatshi olesihluku, ngakho inceku yakhe yesaba ukumzondisa.

Kodwa uEliza wathembisa ukungasuki kuleyondawo ize ifike inkosi uAhabi. Inceku yakholwa isithembiso sikaEliza. Yahamba yayadinga uAhabi.

UAhabi waye kwenye indawo edingela amabhiza akhe utshani. Inceku yakhe elungileyo yamtshele ukuthi uEliza ulindele ukumbona. UAhabi wasesiya kuleyondawo.

Kwathi uAhabi ebona uEliza, wakhuluma ngokuzonda kuye, “Nguwe yini umuntu ohlupha abantu bakoIsrayeli?”

UAhabi wanakana ukuthi nguEliza owayecele uNkulunkulu ukuthi anganisi izulu. Kodwa uNkulunkulu wayetshela uEliza ukuthi izulu lizasweleka nini, lokuthi alicele nini izulu.

UEliza wasesithi kuAhabi, “Kayisimi engihlupha abantu bakoIsrayeli. Nguwe owenze ukuthi lezizinhlupho zize ngenxa yenkohlakalo yakho. Kawumlalanga uNkulunkulu, njalo usuke wakhonza uBhali.”

UEliza wasetshela uAhabi ukuthi wayefuna enzeni. Wathi kaqoqele ndawonye bonke abaprofethi bakaBhali, abathumele kuye oqaqeni loba intaba ephakeme kakhulu.

UAhabi wayezakwenza yini ayekucelwe nguEliza? Yebo wayezakwenza ngoba wayelifuna izulu. Njalo wanakana ukuthi uEliza angacela uNkulunkulu ukuthi anise izulu. Nginakana ukuthi uAhabi wayesesaba ukubulala uEliza hlezi uNkulunkulu anganisi izulu.

Ngolunye usuku ekuseni kakhulu uEliza wayesentabeni labaprofethi

26. UElija lamalathi amabili

1 Kho. 18:1-40

Ngoba uthi kungqoqwane: Khithikela phansi emhlabeni; lakuzihlambo zezulu lakuzulu elikhulu elamandla akhe. Jobe 37:6.

UElija wahlala isikhathi eside lomfelwakazi ongumyanga. UAhabi loJezebeli, inkosi lendlovukazi yakhe abakhohlakeleyo abakwazanga lapho ayecatshe khona. Babengathaba nxa babengamthola, ukuze bambulale. UAhabi wathumela kiwo wonke amazwe jikelele emdinga. Kodwa kakho owayengamthola. Kungani inkosi uAhabi yayimzondele uElija? Ngoba uElija wayetshela uAhabi ukuthi uNkulunkulu umzondele ngokukhonza izithombe, lokuthi wayengasoze abanisele izulu ngaphandle kokuthi uElija athi kaline. Liyakwazi nje ukuthi abantu abakhohlakeleyo bake bazonda uJesu, ngoba ebatshele ngezono zabo.

AmaIsrayeli ayedane kakhulu, ngoba ayelokudla okulutshwana kakhulu, sengisitsho lenkosi uAhabi kabanga lotshani obaneleyo emasimini akhe obamabhiza akhe, kwaze kwathi amanengi kakhulu awo afa.

UNkulunkulu waba losizi ngamaIsrayeli alusizana, wasetshela uElija ukuthi isikhathi sakhe sasesifikile esokuthi anise izulu, ngakho uElija wakhuleka kuNkulunkulu ukuthi anise izulu ukuze amabele amanengi lotshani kumile¹. UNkulunkulu wawuzwa lumthandazo, kodwa waqala watshela uElija ukuthi ayeziveza enkosini uAhabi.

Kalinakani yini ukuthi uElija wayengesaba ukuya enkosini uAhabi? Kodwa uElija wenza lokho uNkulunkulu amtshela khona, ngoba wakwazi ukuthi uNkulunkulu wayezamwakekela. UElija wasesuka kumfelwakazi ongumyanga lendodana yakhe. Wahamba uhambo olude esiya endaweni okwakuhlala khona uAhabi. Ngibona ukuthi umfelwakazi waba lusizi uElija esehamba, ngoba wayemondlile njalo wamfundisa ngoNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu wayethembise ukuthi ifulawa lamafutha kakusoze kuphele aze anise izulu. Izulu-ke lalingakani.

UElija esahamba esiya enkosini uAhabi wahlangana lenceku

¹ UElija wabuya wakhuleka, amazulu asesipha izulu Jak.5:18.

15. UDavida lomkaUriya

2 Sam 11; 13:1-14

Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlambulukileyo, njalo uvuselele umoya oqinileyo phakathi kwami. Hlab. 51:10.

UDavida wayengumuntu olungileyo yini? Yebo sibili, wayethanda uNkulunkulu njalo wazama ukumthokozisa. Kuyini okwenza uDavida alunge? NguMoya oNgcwele kaNkulunkulu. UNkulunkulu wafaka uMoya wakhe phakathi kwenhliziyo yakhe, kube kanti kwakulenohliso enhliziyweni kaDavida lokulunga njalo. USathane laye wayejwayele ukumlinga uDavida ukuthi enze izinto ezimbi. Kwezinye izikhathi uDavida wayengakhuleki kuNkulunkulu ukuthi amgcine kuSathane, besekusithi uDavida akhathalele okutshiwo nguSathane. Kalisoze laba lusizi kakhulu yini ukuzwa ngento embi uDavida ayenzayo?

Sengizalitshela ukuthi uDavida wake wayidanisa iNkosi.

Ngesinye isikhathi abantu bakaDavida bayakulwa labantu ababi abahlala eduzane leKanani. UDavida kahambanga ukuyakulwa ngalesisikhathi. Kodwa watshela umuntu okwakuthiwa nguJowabi ukuthi athathe abantu bayekulwa. Lo uJowabi wayengumlawulimabutho kaDavida, ngoba umlawulimabutho ngumuntu othatha amabutho ahambe lawo empini, njalo ewatshela ukuthi alwe.

UDavida-ke wahlala eJerusalem. Angikwazi ukuthi okwamenza angahambi ukuyakulwa kwakuyini. Ngiyesaba ukuthi wayelivila wasebona kungcono ukuhlala ekhaya esidla enatha njalo ephumula. Kwakungaqondanga ukuvilapha kakhulu. Lake lalizwa yini leliculo:

USathane usathola ukuganga
okungenziwa yizandla ezivilaphayo?

Kwathi ngolunye usuku kutshisa uDavida wacambalala embhedeni wakhe, kwasekusithi sekupholile wavuka wahambahamba phezu kwendlu yakhe eyayendlaleke njengetafula. Kwathi ehambahamba khonapho wakhangele phansi wasebona umfazi, amthandayo kakhulu khonapho embona. UDavida wafisa ukuthi amthathe abe ngumkakhe; wasethuma izinceku zakhe ukuthi zibuze ukuthi ibizo lakhe lalingubani; zasezibuya zamthshela ukuthi ibizo lakhe

lalinguBathisheba lokuthi wayendele endodeni okuthiwa nguUriya. Kambe yikuthi uDavida wayengamthatha uBathisheba abe ngumkakhe yena endele kuUriya yini? Hatshi-bo, uDavida wayengemthathe kuUriya ukuthi abe ngumkakhe. Lokho kwakungaba yinkohlakalo, ngoba uNkulunkulu wathi emilayweni yakhe elitshumi, “Ungafebi.” UDavida kwakumele akhuleke kuNkulunkulu ukuthi amnqande angaphindi akhumbule ngoBathisheba. Kodwa waqhubeka ekhumbula ngaye, njalo emfisela ukuthi abe ngumkakhe. Wasekhumbula lokuthi nxa uUriya efile, uBathisheba angaba ngumkakhe. Wasefisa ukuthi uUriya ngabe sewafa. U-Uriya-ke wayeyindoda elesibindi kakhulu elungileyo njalo wayehambe ummango omude kakhulu lomlawulimabutho omkhulu uJowabi, ukuyakulwa labantu ababi.

UDavida wafisa ukuthi uUriya ngabe uyabulawa empini. Kambe lokho kwakungakubi yini kakhulu? UNkulunkulu wathi emilayweni elitshumi, “Ungabulali.” Njalo singaze saloyisela umuntu ukuthi abulawe.

Ekucineni icebo elibi kakhulu lafika enhliziyweni kaDavida. Ngizalithshela ukuthi uDavida wenzani. UDavida wabhalela uJowabi umlawulimabutho incwadi, njalo yilokhu akubhalayo: “Nxa uthatha abantu besiyakulwa, yekela uUriya eme endaweni lapho abantu ababi abazaba lakho ukumtshoka.”

UDavida wayengayibhala njani incwadi enje! UDavida wayithumela incwadi kuJowabi. Kwakufanele yini ukuthi uJowabi enze le into embi? Hatshi-bo kwakungafanelanga ukuthi ngabe wamlalela uDavida, kodwa uJowabi wayengumuntu omubi kakhulu. Ngakho wazimisela ukwenza njengoba inkosi yayimtshelile.

Khonokho ngemva kwesikhathi uJowabi wathatha amabutho akhe ukulwa lomuzi omkhulu olemiduli ewugombolezeleyo indawo zonke, wasetshela uUriya ukuthi ahambe lamanye amabutho abe duzane kakhulu lemiduli yomuzi. Kwasekusithi abanye bamadoda omuzi batshoka imitshoko ivelela emidulini yabulala uUriya olusizana.

UJowabi wasethuma umuntu ukuyatshela inkosi uDavida ukuthi uUriya usefile.

Kambe uDavida waba lusizi yini esizwa ukuthi uUriya usebulewe? Wazenzisa kwangathi ulusizi, kodwa wajabula enhliziyweni yakhe. Liyazi ukuthi kungani wathaba? Khathesi uBathisheba wayesengaba

INkosi yasiwuzwa umthandazo kaEliza, yawubuyisela umphefumlo womntwana futhi, umntwana wasephila, wasekhudumala, wasephefumula. UEliza kufanele ukuthi wathaba kangakanani! UNkulunkulu waba lomusa ongakanani ukuzwa umthandazo kaEliza! Ngalindlela uNkulunkulu wenza ukuthi umfelwakazi ongumyanga azi ukuthi uNkulunkulu kaEliza nguNkulunkulu weqiniso, angenza abantu baphile. UEliza waphatha umntwana ngengalo zakhe, wehla laye esuka endlini ephezulu, wamusa kunina futhi, wasesithi kuye, “Khangela indodana yakho iyaphila.”

Wayemzondele khathesi yini uEliza? Hatshi-bo. Wasesithi, “Ngiyabona ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, lokuthi konke ongitshela khona mayelana loNkulunkulu kuliqiniso.”

Ngiyathemba-ke ukuthi umfelwakazi wakukholwa konke uEliza akutshoyo, njalo ngiyathemba wamthanda uNkulunkulu owayetshengise umusa omkhulu kangaka kuye njalo wamupha ukudla, njalo waphinda waphilisa umntwana wakhe.

UNkulunkulu usezwa abantu nxa bethandaza kodwa kahlali ephilisa abantwana futhi, kodwa wena uzakwenza uphile futhi, mntwana othandekayo, umphondo lokucina selukhala, nxa umthanda. Ngolunye usuku hlezi umzimba wakho uzalaliswa emhlabathini, njalo ngithemba umphefumlo wakho uzakuba loNkulunkulu; kuthi mhla uJesu Kristu esiza emayezini, lomsindo wophondo uzwakala, kuzakuthi umzimba wakho uvuke engcwabeni; kuthi-ke umphefumlo wakho lomzimba wakho kuhlanganiswe ndawonye futhi. Lizakuba lilanga lenjabulo engakanani lelo!

Imibuzo

1. Umfelwakazi owayesondla uEliza wayengumhedeni yini kumbe umIsrayeli?
2. Wayelokudla bani endlini yakhe?
3. Yisithembiso bani uEliza asenzayo laye nxa wayezamondla?
4. Umfazi wasikholwa yini lesisithembiso?
5. Kungani umfelwakazi wazondela uEliza?
6. UEliza wamtshengisa njani umfelwakazi ukuthi uNkulunkulu wakhe nguNkulunkulu weqiniso?
7. Bazavuswa nini futhi abantu abafileyo?

UElija wasesithi kumfelwakazi, “Hamba uqale wenzele mina ikhekhe elincinyane, emva kwalokho wenze elakho lendodana yakho. Ngoba uNkulunkulu uthe kuzahlala kulefulawa emganwini wakho lamafutha esiphisweni sakho, aze anise izulu emhlabeni.”

Kwaba yisithembiso esimangalisayo njani lesi! Umfelwakazi wasikholwa yini? Yebo wasikholwa. Wahamba wayabasa umlilo, waxova ifulawa ndawonye lamafutha wenza isinkwa sikaElija, wasesenza-ke esakhe lendodana yakhe; loba kwakunjalo ifulawa yayilokhu ikhona emganwini lamafutha esiphisweni. Kwakusithi-ke nsuku zonke azuze ifulawa lamafutha okwenza isinkwa sabo bonke.

UElija weza wazahlala lalumfelwakazi. Wahlala endlini ephezulu endlini yakhe. Ngibona kwakuyindlu encinyane kakhulu. Lumfelwakazi wakubona kuyinto enhle ukuhlala lomuntu onjengoElija endlini. Kwakukuhle ngenxa yini? Ngoba uNkulunkulu wenza ifulawa lamafutha akwaze kwaphela. Ngaphandle kwalokhu, uElija wayengafundisa lumfazi ongumyanga ngoNkulunkulu. Ngoba liyakwazi ukuthi wayekhuliswe ekhonza izithombe.

UElija wayemthanda uNkulunkulu, njalo wayefisa ukuthi bonke abantu bamthande.

Khathesi selizakuzwa ngento edanisayo kakhulu eyenzakala kulumfazi olusizana. Ngolunye usuku, indodana yakhe eyayingumfana omncinyane yagula, yagula kangokuthi yafa, kwakungaselakuphefumula kuyo. Lumfelwakazi ongumyanga wadana kakhulu, esazi ukuthi uNkulunkulu umyekele wafa, wanakana ukuthi uNkulunkulu umthukuthelele, wafisa lokuthi uElija ngabe kezanga endlini yakhe. Wasesiya kuElija, wakhuluma ezondile kuye. Kwakuyikungabongi kwakhe ukuziphatha ngalindlela. UElija wasesithi, “Nginika indodana yakho.”

Umfelwakazi-ke wayephethe lumntwana ofileyo engalweni zakhe, uElija wasemthatha umntwana ngengalo zakhe wamthwalela kweyakhe indlu wamlalisa embhedeni wakhe. UElija waseqala ukukhuleka kuNkulunkulu, “O Nkosi yami Nkulunkulu,” watsho, “usuwenze linto edanisayo kulumfelwakazi engihlala laye yini? Usubulele indodana yakhe yini?”

UElija wasezelula ecambalala phezu komntwana njengoba wayelele efile. Wakwenza lokhu kathathu, wasekhuleka kuNkulunkulu esithi, “O Nkosi Nkulunkulu wami, ngiyakuncenga akubuyise umphefumlo walumntwana futhi.”

ngumkakhe. Ngakho wayalanda uBathisheba wasemthatha weza wahlala laye esigodlweni sakhe.

Kodwa uNkulunkulu kazange athokoze ngalokhu okwenziwa nguDavida.

Ngelinye ilanga uNathani owayengumprofethi wafika kuDavida.

UNkulunkulu wayemtshelile uNathani lokho uDavida ayesekwenzile.

UNathani waqalisa ngokutshela uDavida inganekwana encinyane. Wathi, “Kwakulamadoda amabili emzini owodwa, omunye wayenothile, omunye engumyanga. Indoda enothileyo yayilezimvu ezinengi kakhulu. Indoda engumyanga yayilewundlu elincinyane eyalinanza kusukela liqalisa ukuzalwa yalondla, ilinathisa ngenkezo yayo, yaliqamelisa esifubeni sayo, njalo ilithanda njengomunye wabantwana bayo. Ngolunye usuku isethekeli safika endlini yendoda enothileyo. Indoda enothileyo yathuma yathatha iwundlu lendoda engumyanga yalibulala yenzela isethekeli sayo ukudla.” UNathani wasesithi, “Kungenziwani ngendoda enothileyo?”

UDavida wezwa ethukuthela kakhulu ngendoda enothileyo, wasesithi kuNathani, “Izakufa, njalo inike indoda engumyanga amawundlu amane endaweni yelilodwa eyalithathayo.”

UNathani wasesithi kuDavida, “Nguwe leyondoda.”

UNathani wayesitshoni? UDavida wayeyileyondoda eyathatha iwundlu lendoda engumyanga yini? Hatshi, uDavida wayengathathanga iwundlu, kodwa wayethethe umkaUriya; okwakukubi okudlulisileyo kakhulu. UNathani wayemtshela linganekwane ukumtshengisa ngento embi kangakanani ayeyenzile. UDavida wayengafanelanga ukufa yini?

UNathani wathi kuDavida, “UNkulunkulu ubelomusa kakhulu kuwe wakwenza wabayinkosi. Kungani ungalalelanga imilayo yakhe? UNkulunkulu uzakujezisa wena ngenxa yobubi bakho. Abantwana bakho bazakulwa omunye lomunye, njalo babulalane omunye lomunye, njalo baziphathe kubi kuwe ingqe usaphila.

UDavida waba lusizi kakhulu esizwa ukuthi uNkulunkulu wayethukuthele ngalokho ayekwenzile, wasesithi, “Ngonile kuyo iNKOSI.”

UNathani wasesithi, “UNkulunkulu usekuxolele; awuseyikufa.”

UDavida waba lusizi ngoqotho ngalokho ayekwenzile. Wayengafanani loSawuli, owananzelela isijeziso kuphela; wayelusizi kakhulukazi ngoba wayemdanisile uNkulunkulu.

UDavida watshaya isihlabelelo esidanisayo kakhulu kusigubhu sezintambo sakhe, wasesipha abahlabeleli ukuthi basihlabelele eduze lomtshokotsho.

Wacela esihlabelelweni sakhe ukuthi uNkulunkulu agezise izono zakhe. La kwakungamanye amazwi kaDavida, “Ngigezisa, ngizakuba mhlophe kuleliqhwa elikhithikayo. Dala kimi inhliziyo ehlabulukileyo Nkulunkulu; ufake uMoya oqotho kimi.” Hlab. 51:10.

Liyabona ukuthi uDavida wakhuleka kuNkulunkulu ukuthi amthethelele, uNkulunkulu wasemthethelela. UNkulunkulu wayengasoze amuse esihogweni uDavida, kodwa wayeza mxolela, ngoba uJesu wayethembise ukumfela esiphambanweni ngolunye usuku. UNkulunkulu wayengamjezisa esaphila, ukuze abantu bonke bakwazi ukuthi uNkulunkulu wabuzonda ububi.

Ngiyathemba, bantwana abathandekayo, ukuthi lizahlala likhuleka kuNkulunkulu ukuthi alivikele kuSathane, kodwa loba nini selenze into yokuganga ngithemba lizakuba lusizi, lokuthi lizacela ukuthi uNkulunkulu alixolele. Njalo uzalixolela ngiyazi ngoba uJesu wafela izoni esiphambanweni.

Nxa ungalusizi cela uNkulunkulu ukuthi akwenze ube lusizi. Ngoba nguMoya kaNkulunkulu owenza abantu babe lusizi ngezono zabo.

25. UEliza lomfelwakazi

1 Kho. 17:8 kusiya ekucineni

Ngoba iNkosi uqobo izakwehla ivela ezulwini ngomdumo, ngokumemeza kwesithunyw, langokukhala kophondo lukaNkulunkulu, labafileyo kuKristu bazavuka kuqala. 1 Tes. 4:16.

UNkulunkulu wathi uEliza aye ngaphi isifula sesomile? Wamtshela ukuthi aye endaweni ekhatshana okwakuhlala khona umfelwakazi ongumyanga, owayezamupha ukudla. Liyakwazi ukuthi umfelwakazi ngumfazi owafelwa yindoda yakhe. Abafelwakazi bandise ukuba ngabayanga ngoba bengelamadoda abasebenzelayo. Kodwa lo umfelwakazi wayengumyanga kakhulu sibili, ngoba ngenxa yokuthi kungelazulu, abantu babezuza ukudla okulutshwana kakhulu okokuthi badle njalo lamabele abamalutshwana amilayo emasimini.

Kodwa uEliza waya lapho uNkulunkulu ayemtshele khona. Wahamba edabula lonke ilizwe leKanani; waze wayafika emzaneni, ngaphandle nje kweKanani. Abantu-ke ababehlala kulumzana babengabahedeni, njalo bekhonza izithombe.

UEliza esefikile esangweni lomzanyana, wabona umfazi ongumyanga etheza inkuni, uEliza wahle wamazi ukuthi ngumfelwakazi owayezamupha ukudla. UEliza wasememeza esithi, “Ngicela amanzi amalutshwana nginathe.”

Angimangali ukuthi uEliza wayomile; ngoba wayesehambe ummango omude, njalo kwasekulamanzi amalutshwana kakhulu elizweni leKanani. Ngakho lumfelwakazi wayelomusa kangokuthi wayamkhelela amanzi uEliza. UEliza wasephinda emmemeza wathi, “Ngicela ukuthi ungiqhathele iqebelengwana ngesandla sakho.”

Umfelwakazi ongumyanga wasesithi, “Angilaso isinkwa ngitsho. Ngilefulawa egcwala isandla kuphela esitsheni lembijanyana yamafutha isiphisweni. Bengitheza inkuni zokuthi ngibase umlilo ngihlanganise ifulawa lamafutha ngenze ikhekhe elincinyane, ukuze mina lendoda yami sidle lona; njengoba singaselakho ukudla, sesilidlile, besesisifa.

UEliza wayengakuthatha konke yini ukudla komfelwakazi ongumyanga? UNkulunkulu wayemtshelile uEliza azakutsho.

UNkulunkulu uthembisile ukondla bonke abantu abalambileyo abakhuleka kuye. UNkulunkulu kathumi amawabayi ukuthi abondle, kodwa wenza abanye abantu babazwele babaphe ukudla.

UElija wayehlala yedwa zwi ngesifuleni; kodwa uElija wayekwazi ukuthi uNkulunkulu wayelaye. Ekucineni kwaba lamanzi amalutshwana kakhulu esifuleni. Ilanga lawomisa amanzi njalo akuzanga kubelezulu elasigcwalisayo. Ayesehla amanzi insuku zonke, ekucineni-ke kwakungaselamanzi.

Wayengenzani-ke uElija khathesi? UNkulunkulu wayengasigcwalisa isifula ngamanzi; kodwa kazange akhethe ukukwenza lokho. Watshela uElija ukuthi atshiye isifula aye kwenye indawo.

Ngizalitshela masinyane lapho uElija aya khona.

Liyabona ukuthi uNkulunkulu wamnanzelela njani uElija. Uzalinanzelela ngokufananayo lani nxa limthanda njalo likhuleka kuye.

Imibuzo

1. UJerobowamu wayeyinkosi yakoIsrayeli kumbe eyakoJuda yini?
2. Ngubani owayebizwa ngokuthi yinkosi yakoJuda?
3. UJerobowamu esefile kwakulamanye amakhosi koIsrayeli yini?
4. Ayelungile yini kumbe ayemabi?
5. UAhabi wayengubani?
6. Ibizo lomkakhe lalingubani?
7. Lalingubani ibizo lesithombe ayesithanda?
8. Kwakungabantu bani uJezebeli azama ukubabulala?
9. Sijeziso bani uNkulunkulu asithumela ebantwini bakoIsrayeli ngenxa yokukhonza izithombe?
10. Nguwuphi umprofethi owondliwa ngamawabayi?
11. Kungani uElija watshiya indawo lapho amawabayi ayemondla khona?

Imibuzo

1. UDavida wawathatha kokuphela amabutho esiya lawo empini yini?
2. Wayengubani umlawulimabutho kaDavida?
3. UDavida waqala njani ukubona uBathisheba?
4. Kungani uDavida wafisa ukuthi uUriya afe?
5. Yiwuphi umthetho esiwephulayo nxa sifisa ukuthi umuntu afe?
6. UDavida wafisa ukuthi uJowabi enzeni ngoUriya?
7. Kungani uDavida wathaba nxa uUriya esefile?
8. UNathani wamtshelelani uDavida udaba lwewundlu lomuntu ongumyanga?
9. UNkulunkulu wathi uDavida ufanele sijeziso bani?
10. Kambe uDavida waba lusizi ngalokho ayekwenzile yini?
11. Kambe uNkulunkulu wamxolela yini?
12. UNkulunkulu wamxolelelani?
13. Ngubani owenza abantu bazisole ngezono zabo?

16. UDavida lesijeziso

2 Sam 15; 16; 17

UKristu wasihluphekela ... owathi ethukwa kazaphindisela ngokuthuka, ehlupeka kazasongela, kodwa wakunikela kulowo owahlulela ngokulunga. 1 Petro 2:23.

Liyakhumbula, bantwana bami abathandekayo, ukuthi uNkulunkulu wathi uzajezisa uDavida lanxa wayemxolele.

UDavida wayelabantwana abanengi kakhulu, njalo abanye babo babababi kakhulu sebekhulile. Ngingezake ngilitshela ngabo bonke abantwana bakhe. Kodwa ngizalitshela ngoyedwa okuthiwa nguAbsalomu. Wayelijaha eliziqhenyayo kakhulu. Wayemuhle kakhulu njalo elenwele ezinhle, wayezincoma kakhulu ngobuhle bakhe, njalo wayeqamba amanga, wabulala lomunye wabafowabo owayemcunule. Kwathi uDavida esezwile ukuthi wabulala njani umfowabo wamzondela okwesikhathi eside, njalo wayengathandi ukumbona. Kodwa kwathi ekucineni wamyekela weza esigodlweni, wamanga njalo wamxolela. Kwakungafanelanga ukuthi uDavida aphinde amvumele uAbsalomu ukuza eJerusalema ngemva kokubulala kwakhe umfowabo. Kodwa uDavida wayemthanda kakhulu uAbsalomu.

Kube kanti uAbsalomu wayengamthandi uyise, uDavida. Wafisa ukuba yinkosi endaweni kaDavida, ngakho waziphatha ngomusa omkhulu kibo bonke abantu eJerusalema, ukuze bamthande ngcono okwedlula ukuthanda kwabo uyise, babesebembeka ukuba yinkosi. Wayesandisa ukwanga abayanga ayebabona abesebatshela ukuthi alubana engaba yinkosi angaba lomusa kakhulu kubo.

Le indlela yokuziphatha ngomusa yenza abantu bamthanda uAbsalomu, ngoba bakhumbula ukuthi uyabathanda ngeqiniso njalo uyabananza. Ubuqili obukhulu kangakanani lokukhohlisa uAbsalomu ayelakho!

UAbsalomu esebone ukuthi inengi labantu liyamthanda wacela ikhefu kuDavida lokusuka eJerusalema aye elizweni. UDavida wamnika ikhefu. UDavida wayengalwazi ugobe uAbsalomu ayelwenzile. Nantu ugobe alwenzayo.

UAbsalomu waloyisa ukuthi abantu abanengi kakhulu balindele

ababethanda izithombe; kodwa wazama ukubulala abantu ababethanda uNkulunkulu. Kwakulabanye abantu elizweni lakoIsrayeli ababengemhkonze uBhali; labobantu-ke bacatsha ezimbalwini hlezi uJezebeli wayengababulala.

UNkulunkulu wayebathanda kakhulu lababantu abalusizana.

Khathesi sengizalitshela ngomunye wabaprofethi owayelungile kakhulu owayehlala elizweni lakoIsrayeli. Ibizo lakhe lalinguEliza. Wayengeke azikhonze izithombe njalo wazama ukuncenga abanye abantu ukuthi bathande uNkulunkulu weqiniso. UNkulunkulu wayehlala ekhuluma kuye njalo emtshela okwakuzakwenzeka, njalo uEliza wayehlala ethandaza kuNkulunkulu.

UAhabi loJezebeli babemzonda uEliza ngoba wayelungile njalo babefisa ukumbulala. Eliza wadana kakhulu ukubona abantu abanengi kangaka koIsrayeli bekhonza uBhali. Wafisa kakhulu ukuthi babelusizi ngenkohlakalo yabo.

Ekucineni-ke uNkulunkulu wabathumela abantu isijeziso.

UNkulunkulu kalinisanga izulu okwezinyanga ezinengi kakhulu, ngitsho lokwehlisa amazolo etshanini ekuseni. Yikho-ke ilanga elitshisayo lahangu utshani, lamabele kawamilanga, njalo lezihlahla azizanga zithele izithelo. Abantu bakoIsrayeli kabazanga bathabe ngitsho, kodwa uNkulunkulu wafisa ukuthi baphenduke ebubini babo.

UEliza wakuzuzana njani ukudla njengoba izulu lalingekho? UNkulunkulu wamtshela ukuthi ayecatsha endaweni efihlakeleyo lapho okwakulesifula khona, lapho ayengacatshela khona uAhabi. UNkulunkulu wathembisa ukuthuma amawabayi ukuzamondla.

UEliza wasesiya kulesosifula, wanatha emanzini esifula. Kwathi ekuseni, amanye amawabayi aphapha esiyamupha ukudla lenyama, kwathi lakusihlwa eza njalo emlethela esinye isinkwa lenyama. Kwathi ngosuku olulandelayo eza futhi ekuseni lakusihlwa. Yikho uEliza waba lakho ukudla ekuseni lakusihlwa nsuku zonke, njalo kazanga aswele lutho.

Ngubani owenza inyoni zihlakaniphe zilunge kangaka? UNkulunkulu angakwenza konke. Amawabayi amanengi ayesabeka, kodwa uNkulunkulu wenza lamawabayi abe buthakathaka. UEliza wayethaba kangakanani ewabona esiza lokudla! Wayembonga kangakanani uNkulunkulu ngokuwathuma nsuku zonke!

24. UElia lamawabayi

Khangela ilihlo leNkosi likibo abayesabayo laphezu kwalabo abathemba isihawu sayo, ukuthi ikhulule umphefumulo wabo ekufeni ibaphilise endlaleni. Hlab 33:18-19.

Liyakhumbula bantwana abathandekayo, ukuthi uJerobowamu wayeyinkosi kuphela kungxenywe yelizwe leKanani. USolomoni wayeyinkosi kilo lonke ilizwe; kodwa khathe indodana kaSolomoni yaba yinkosi kungxenywe eyodwa, uJerobowamu waba yinkosi kwenye ingxenywe.

UJerobowamu wayethiwa yinkosi yakoIsrayeli. Njalo indodana kaSolomoni kwakuthiwa yinkosi yakoJuda. Lingazama ukukhumbula yini lokhu?

Ekucineni uJerobowamu wafa, kwase kusiba lenye inkosi yakoIsrayeli endaweni yakhe, kwathi ekucineni yafa inkosi, kwasekusiba lenye inkosi; ekucineni yafa, kwasekusiba lenye inkosi ekucineni yafa, ngakho kwaba lamakhosi amanengi kakhulu enye emva kwenye. Ngilusizi ukuthi wonke ayekhohlakele lokuthi wonke akhonza amathole egolide ayenziwe nguJerobowamu. Angisoze ngilitshela amabizo alamakhosi; isizatho sami, yikuthi ngiyesaba alisoze liwakhumbule amabizo amanengi kangako. Kodwa ngizalitshela ibizo lomunye wawo.

Ekucineni, emva kokufa kwamakhosi amanengi enye emva kwenye, kwaba lenkosi uAhabi.

Wakhohlakala okwedlula amanye amakhosi wonke. Enye yezinto ezimbi kizo zonke azenzayo kwakuyikuthatha umfazi owayekhonzisa izithombe. Lumfazi wayeyindodakazi yenkosi yakwelinye ilizwe. Wayekhuliswe ukuthi akhonze izithombe, njalo wayezithanda kakhulu izithombe, njalo wenza izinto ezinengi kakhulu ezimbi. Lumfazi ibizo lakhe lalinguJezebeli. Wayebizwa ngokuthi yindlovukazi yakoIsrayeli, ngoba wayendele kuAhabi inkosi yakoIsrayeli.

Ibizo lesithombe esasithandeka kuJezebeli lalinguBhali. Wamncenga uAhabi ukuthi akhonze uBhali kanye lamathole egolide; uAhabi wasesakhela uBhali ithempeli emzini ayehlala kiwo. Kwakulamadoda amanengi kakhulu ayehlala efundisa abantu ukukhonza uBhali; njalo lamadoda kwakuthiwa ngabaprofethi bakaBhali; njalo uJezebeli wayelomusa kibo. Ngoba UJezebeli wayelomusa ebantwini

ukukhala kophondo, kuthi-ke sebekuzwile bathi, “UAbsalomu yinkosi.” Ngokunjalo kwathi uAbsalomu esesukile eJerusalema waba phakathi kwelizwe waloyisa ukuthi uphondo lukhaliswe, abantu abanengi kakhulu basememeza, “UAbsalomu yinkosi!” Basebesiza kuAbsalomu baba ngamabutho akhe.

UDavida olusizana wayeseJerusalema, isithunywa sasesisiza samtshela ukuthi uAbsalomu usezenze inkosi.

Wahlulukelwa kangakanani uDavida esizwa loludaba! Wayengekuthwale ukunakana ukuthi indodana yakhe yayikhohlakele kangokuthi yayingazenza inkosi. Ngakho uDavida wasekhumbula ngesono sakhe. Wakuzwa ukuthi kufanele ajeziswe. Wayekwazi ukuthi nguNkulunkulu owenza zonke lezozinto zimehlele.

Ngakho uDavida kasahlalanga eJerusalema ngoba wakhumbula ukuthi uAbsalomu angeza masinyane, mhlawumbe ambulale yena lezinceku zakhe. Inkosi yasitshiya isigodlo sayo eNtabeni iZiyoni, ukuhamba ummango omude. Kwakulabantu abanengi eJerusalema ababemthanda uDavida.

Kuqala bachapha umfula omncinyane owawungaphandle kweJerusalema, njengoba abantu bonke babehamba bekhala. Bakhaliswa yikuthi inkosi yabo isicindezelwe ukutshiya indlu yayo, ibisizula nje ingaselamuzi.

UDavida labantu bakhe basebekhwela phezu koqaqa olude, uDavida ekhala eqansa wayembomboze ikhanda lakhe, njalo engafakanga amanyathelo enyaweni zakhe. Wazenza lezizinto etshengissa ukudana. Bonke abantu ababelaye benza okufananayo, bakhala lapho beqansa. Liyabona ukuthi abantu babemthanda kangakanani uDavida?

Kwathi uDavida esefikile engqongeni yoqaqa wakhuleka kuNkulunkulu esazi ukuthi uNkulunkulu wayezamduduzisa ekukhathazekeni kwakhe.

UDavida wasehamba kuhambo lwakhe. Khonokho nje wahlangana lomuntu omubi kakhulu owayemzonda njalo emtshela amagama amabi uDavida. Sengisitsho lokujikijela uDavida lamabutho akhe ngamatshe. Lumuntu omubi wayebiza uDavida ngokuthi ngumntakaSathane. Njalo wathi, “Wabulala uSawuli labantwana bakhe. Khathe uNkulunkulu usekujezisa ngobubi bakho.”

Kambe uDavida wayebulele yini uSawuli labantwana bakhe? Hatshi

bo! Indoda yakhuluma amanga ngoDavida. Kodwa uDavida wayebulele uUriya. UNkulunkulu wayemjezisela lesosono.

Omunye wabangane bakaDavida wasesithi kuye, “Ungayekeli lowayana umuntu ekuthuka. Yekela ngihambe ngiyemkhupha ikhanda.”

Kodwa uDavida wathi, “Hatshi, yiNkosi emvumela angithethise; ngakho kangisoze ngimvimbele. Indodana yami uqobo idinga ukungibulala. Kakumangalisi ukuthi indoda le iyangiqalekisa.”

UDavida waziphatha ngobumnene obungakanani! Yiyo indlela uJesu aziphatha ngayo ebantwini ababi. Liyabona bantwana bami abathandekayo, lokho esingakwenza nxa abantu bengelamusa, belesihluku kithi. Akufanelanga ukuthi sibaphe impendulo zobuqholo, kodwa kufanele sikhumbule ngezinto ezimbi esizenzileyo siziphathe ngobumnene.

Le indoda ekhohlakeleyo yaqhubeka ngokuthethisa iphosa amatshe lothuli kuDavida lamabutho akhe. Ekucineni uDavida lamadoda akhe bafika endaweni lapho abaphumula khona, ngoba bediniwe kakhulu. UDavida lamabutho akhe bahamba ummango omude. Ekucineni bachapha umfula iJordane. Ngiyakholwa bafika indawo lapho amanzi ayengatshoni khona. Kwelinye icele kwakulendawo ebizwa ngokuthi yinkangala.

Kwakulamadoda amathathu ayenothile kakhulu ayehlala eduzane lenkangala ababewile ngoDavida olusizana lamadoda akhe sebefikile lapho; lamadoda ayenothile athi, “Kumele ukuthi balambile, bomile, bakhathele enkangala.” Basebebaletshela izinto ezinengi kakhulu. Imibheda yokuphumuza kiyo inyawo zabo, imiganu lamankomitshi awokunathisa, lamabele, lemibhida, loluju, lebhata, letshizi, lezimvu zokudla. Amadoda la anothileyo ayelomusa kakhulu; uNkulunkulu wakufaka ezinhliziyweni zawo ukuthi abe lomusa kuDavida oyangekileyo ekukhathazekeni kwakhe.

UDavida esenhlane wayehlala ekhuleka kuNkulunkulu njalo wayecela kuNkulunkulu ukuthi amduduze. UDavida wayekwazi ukuthi kwakufanele ukuthi ajeziswe. Yikho waziphatha ngobumnene. Le yiyo indlela, bantwana abathandekayo, okufanele liziphathe ngayo nxa lijeziselwa iziphosiso zenu. Nxa lizisola ngeqiniso kalisoze libazondele abantu abalijezisayo. Kodwa nxa lisehlazweni lizakhuleka kuNkulunkulu ukuthi alixolele njalo afake uMoya wakhe enhliziyweni zenu ukuthi alenze ulunge.

Imibuzo

1. UJerobowamu wayeyinkosi elizweni lonke leKanani yini?
2. Ngubani owayeyinkosi kwenye ingxenye?
3. IJerusalema yayikungxenye yelizwe elingakuJerobowamu yini?
4. Kwakufanele ngani ukuthi uJerobowamu ahlale esiza eJerusalema?
5. Wabacebiselani abantu bakhe ukuthi bangayi eJerusalema?
6. Yinto bani embi uJerobowamu ayifundisa abantu bakhe ukuyenza?
7. UNkulunkulu wathumelani umprofethi kuJerobowamu?
8. UNkulunkulu wasiqiniselani soma isandla sika Jerobowamu?
9. Ngubani owakhuleka kuNkulunkulu ukuze asisilise njalo?
10. UJerobowamu waphenduka ebubini bakhe yini?

uNkulunkulu wathuma umprofethi kuye, ukumtshela ngenkohlakalo yakhe. UJerobowamu wayemi eduzane lelathi etshisela ithole legolide impepha. Umprofethi wafika wamtshela ukuthi uNkulunkulu wayezondele abantu ababekhonzela amathole egolide, lokuthi wayezabajezisa njani. Umprofethi wasesithi, “Lalesi yisitshengiselo sokuthi uNkulunkulu uzondile; ilathi lizadilika kuthi lemilotha ephezu kwalo ichithekele phansi.”

Kwathi inkosi uJerobowamu ikuzwa lokhu yazonda yaze yafisa ukumjezisa umprofethi. Ngakho yelula isandla sayo, yathi ezincekwini zayo, “Mbambeni!” Kwathi isandla sikaJerobowamu siseluliwe, uNkulunkulu wasenza soma saqina, akwaze kwavuma ukuthi sifinyele futhi. Kwathi ngasikhathi sinye ilathi ladilika, imilotha yasichithekela phansi njengoba umprofethi wayetshilo.

Kalinakani yini ukuthi uJerobowamu wethuka khonokho? Wakwazi ukuthi kwakungekho omunye owayengasilisa isandla sakhe ngaphandle kukaNkulunkulu. Ngakho wathi kumprofethi, “Ake ungikhulekele eNkosini uNkulunkulu wakho, ukuthi isandla sami sisile.”

Umprofethi wayengamkhulekela yini uJerobowamu kuNkulunkulu, yena owayengamphathanga kuhle? Yebo wakwenza. Wakhuleka kuNkulunkulu, uNkulunkulu wasesenza isandla senkosi sasila saba njengakuqala.

UJerobowamu kasazamanga ukulimaza umprofethi futhi, ngoba wayesesaba; kodwa uJerobowamu kaphendukanga ekukhonzeni izithombe aphendukele kuNkulunkulu; kodwa waqhubeka efundisa abantu bakhe ukukhonza izithombe zamathole egolide. UNkulunkulu wamthukuthelela kakhulu uJerobowamu.

Kungani uJerobowamu wayengamesabi uNkulunkulu? Wakubona ukuthi uNkulunkulu wayengomisa ingalo yakhe. Wayengambulala lokumbulala. Bantwana abathandekayo kufanele sesabe ukucunula uNkulunkulu wethu omkhulu. Alikaze lelulele ingalo zenu ukwenza ukuganga yini? Ukulwa? UNkulunkulu wayengomisa ingalo zenu. Ulomusa kakhulu, kodwa uzasijezisa ngolunye usuku, nxa ungamthandi, lokumthemba.

Imibuzo

1. Lalingubani ibizo lendodana kaDavida eyayingalunganga eyabulala umfowabo?
2. Kungani uAbsalomu waziphatha kuhle kakhulu ebantwini abangabayanga?
3. UAbsalomu wafisa ukuthi abantu benzeni nxa babesizwa uphondo?
